**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P271 EDUMBE NGOLWESINE MHLAKA 22 NOVEMBER 2012.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi uDlamini;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya yoMkhandlu waseDumbe;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zemiNyango ehlukene ekhona;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, imboni yokuthutha umphakathi, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuthi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguDkt Zweli Mkhize siphinde sihlangane nani ningumphakathi walapha eDumbe sizokhuluma ngezinto ezithinta intuthuko yethu njengomphakathi nesizwe sonke.

Ukuza kwethu-ke lapha kuhambisana nombhidlango esinawo njengomNyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. Lo mbhidlango uphethe izinto ezintathu okumele sikhulume ngazo namhlanje.

Okokuqala yilokhu kokuthi njengoHulumeni sisalokhu sikhathazekile ngezinga lokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo kulesi fundazwe. Okusiphatha kabi kakhulu ngukuthi akukho uHulumeni angakwenzi ukulekelela abantu ukuba baphephe emigwaqeni kodwa kujike kube yibona abangababambisani noHulumeni – bashaye indiva yona le imithetho ebekelwe ukusiza bona.

Awubheke nje ngoba ezweni lonke akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Eminye yale mithetho ithi awulokothi ushayele imoto uphuze utshwala. Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ungashayeli uphuzile.

Uhulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo. Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe nokugijima ngokweqile.

Ngenxa yokwephulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izaphulamthetho emgwaqeni. Kwesinye isikhathi umuntu azibuze ukuthi kanti ilungiselwani imigwaqo yenziwe ibe netiyela uma lokho kuyiphendula isigodi sethunzi lokufa.

Sikhuluma nje kusukela sethule uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ekuqaleni kwenyanga ka-October sesilahlekelwe abantu abangu-210 ezingozini zomgwaqo esifundazweni. Ngonyaka odlule ngesikhathi esifanayo salahlekelwa ngabantu abangu-243. Lokhu kuveza ngokusobala ukuthi asikawenzi umehluko.

Njengoba sekuqala isikhathi sikaKhisimusi nje siyazi-ke ukuthi kunabantu abaningi abathanda ukudakelwa emgwaqeni.

Ngakho-ke kumele nalapha siwukhuze lo mkhuba. Umuntu osephuzile akakwazi ukulawula imoto yakhe ngendlela afanelekile emgwaqeni, ikakhulukazi uma esesimweni esiphuthumayo,i-emergency situation, mhlambe kumele avike into ethile emgwaqeni.

Izinga lokukwazi ukuthatha isinqumo lisuke seliphazamisekile engasakwazi ukukala ukuthi into ikude kangakanani.

Kanjalo nabahamba ngezinyawo, uthole sekuyizimoto ezivika umuntu ohamba emgwaqeni, kungaseyena obalekela izimoto ukuthi zingamshayisi ehlohlwa utshwala noma sekuvaleke amehlo.  Abanye uma sebedakiwe bazibona sebebakhulu bacabange ukuthi bagqoke insimbi kanti imoto kuphela eyinsimbi, futhi iyabulala.

Siyaninxusa-ke bantu bakithi ukuba nilekelele isifundazwe senu siphume enkingeni yokuthi njalo uma kukhishwa izibalo zikazwelonke kube yithina esihamba phambili.

Makuthi uma sekukhishwa izibalo zezingozi ezenzeke ngamaholide kaKhisimusi kuthiwe sihamba phambili ngokwehlisa isibalo sezingozi nokufa kwabantu emgwaqeni.

Sithi sizoninxusa ukuba nijoyine abanye abaningi asebekhombisa ukubambisana nathi kule mikhankaso ngokuthi bagcine imithetho yomgwaqo.

Ngithe zintathu izinto ezisemqoka esifuna ukukhuluma ngazo lapha. Eyesibili yilena yengqalasizinda yomgwaqo esithi sizobongela umphakathi waseDumbe ikakhulukazi esizweni saKwaDlamini ngokuthi uqhubeke nokuhlomula ezinhlelweni zikaHulumeni abantu abaziqokela wona emini ka bha kubheke wonke umuntu.

Mina-ke uma ngibona into enjena ngiye ngingahlonizi ukubongela abantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, ngokuba noMongameli obakhathalele ngendlela yokuthi waze waba ngowokuqala ukusungula umNyango obhekele ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.

Mhlambe yiyo lento eyenza namalungu enhlangano yakhe amaningi afune ukumbuyisela inhlandla lesibili uNxamalala eMangaung. Siyazi ukuthi ukube iMangaung ivuleleke kubantu bonke, nabanye benu abangewona amalungu kaKhongolose bebezokwenza abakwenza ngokhetho luka-2009.

Kodwa-ke siyazi ukuthi njengoba siqhubeka nokusabela ikhwela elahlatshwa nguyena uMsholozi ukuba siphume emadolobheni siye ezindaweni zasemakhaya, nango-2014 nisazophinda niwuthume lo Hulumeni ukuba uqedele osukuqalile.

Nanamhlanje-ke njengenjwayelo sizokwethula ngokusemthethweni izinhlelo zokufakwa kwetiyela emgwaqeni u-P271 osuka ngasedolobheni e-Paulpietersburg uhambe njalo uze uyoshaya e-Hartland Provincial Clinic.

Njengoba sazi ukuthi ingxenye yalo mgwaqo engu-11.7 km eguduza emapulazini amahlathi uma uqhamuka ngasedolobheni yona inalo itiyela, sithi-ke thina njengoHulumeni wentando yabantu kumele intuthuko ingahlukaniswa manje.

Nabantu abahlala kule ngxenye ebheke e-Hartland Provincial Clinic kumele bakuzwe ukutetemuka emgwaqeni wetiyela. Akukwazi ukuthi indawo okuyiyona enabantu abaningi kube yiyona ehluphekela umgwaqo.

Le ngxenye yalo mgwaqo ingu-14.1 km ubude kanti imali esesiyibhajethele wona ingu-R14.1 million. Umsebenzi uwonke uzothatha iminyaka yezimali emibili, okulindeleke ukuba kudaleke kuyona amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-250 kubantu bendawo.

Siyawazi-ke umgomo walo Hulumeni ukuthi uma kuqashwa abantu kule misebenzi enjena asidingi kube nokwenzelela ngokobuqembu bepolitiki. Umsebenzi kaHulumeni ngowabantu bonke kungakhethile ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki njengoba ungekho umehluko uma uHulumeni eqoqa intela – wonke umuntu uyayikhokha intela uma uthenga okuthile noma uthola umhholo.

Akukho ukuthi abeqembu elithile bazokhokha kakhulu kunabanye. Kanjalo-ke noma sekuhlomulwa ezinhlelweni zikaHulumeni, akumelekile kube khona ukwenzelela. Othi akwenzelelwe usuke engenzi ngokwezimfuno nezinjongo zikaHulumeni wentando yeningi.

Ekuqaleni ngikhulume ngombhidlango omukhulu esinawo njengomNyango. Manje ngifuna ukusho ukuthi ngaphandle kwale project yomgwaqo esiyilethile namhlanje umNyango kunemali engu-R410 million oyifakile kulo nyaka wezimali ka-20012/2013 ukuze kwakhiwe futhi kugcinwe imigwaqo isesimweni esifanelekile esifundeni saseZululand.

Phakathi kwemisebenzi emikhulu esithi ama-capital projects esiqhubeka nayo ngalo nyaka wezimali kukhona u-P49 osuka eNgome ubheke edolobheni KwaNongoma, u-P52 Osuthu, u-P700 phakathi koLundi neMpangeni, u-P258 eMondlo, u-P487 KwaCeza, uMbhudula Road eNgoje, u-P735 KwaNongoma, u-P47 oxhumanisa i-Vryheid ne-Melmoth, iNgolotshe Road KwaNongoma neNsongweni River Bridge khona KwaNongoma.

Abalelwa ngaphezu kuka-1400 amathuba emisebenzi okulindeleke ukuba adaleke ngazo zonke izinhlelo zalesi sifunda, kuhlanganisa noZibambele.

Kuwona futhi lo nyaka wezimali ka-2012/2013 sifake imali engu-R15 million lapha esifundeni saseZululand ukwakha imigwaqo engena emiphakathini, esithi ama-access road. Nalapha eDumbe kukhona u-Paris Local Road kweseNkosi yaKwaMthethwa, uBalladon Local Road kweseNkosi yaKwaNkosi noManyana Local Road kweseNkosi yaKwaHlatshwayo.

Kule misebenzi kulindeleke ukuba kudaleke amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-220 ngenkathi kwakhiwa bese kuba nabasebenzi bakaZibambele abangu-198 abazoqashwa ukugcina imigwaqo isesimweni.

Uma sengiya ngasekugcineni ngithanda ukuthinta indaba yesithathu esize lapha ukuzokhuluma ngayo. Lena indaba yobugebengu nani lapha ehlala ngokunithinta kakhulu.

Le nyanga-ke kaNovember iyinyanga uHulumeni ayibekele ukukhuthaza izinhlelo zokulwa nobugebengu balo lonke uhlobo.

Ziningi-ke izindawo esesike sazihambela kusukela siqale umkhankaso ekuqaleni kwenyanga. Njengoba sazi-ke ukuthi esifundeni saseZululand le ngxenye yaseDumbe ihlupha kakhulu ngobugebengu bokwebiwa kwemfuyo, sithe kumele nakanjani sikhulume ngalolu daba.

Izibalo zobugebengu ngonyaka wezimali ka-2011/2012 zikhomba ukuthi isibalo samacala okwebiwa kwemfuyo esiteshini saseDumbe abe ngu-149 esuka ku-139 ngonyaka odlule ka-2010/2011.

Kodwa ngaphandle kwalobu gebengu, siyathola futhi ukuthi siphezulu isibalo samacala okugqekezwa kwemizi kulesi siteshi njengoba egijima ko-160 iminyaka ilandelana.

Kodwa ngaphandle kwalokho nje, siyazi ukuthi nobunye ubugebengu buyadlanga ngezikhathi zenjabulo ngoba abantu basuke benemali futhi bedla utshwala bese beba budedengu.  Nezigebengu-ke ziyakwazi lokho – yingakho ubugebengu bubukhulu ngalesi khathi ngoba izigebengu ziyazi ukuthi abantu abanaki uma sebejabule.

Lesi yisikhathi lapho imindeni ivakashelana khona, kanti nabahlala kude ngenxa yokufunda nokusebenza basuke bebuyile.

Nobugebengu obubangwa ukusondelana ndawonye njengomndeni, phecelezi i-contact crime, nabo buye budlange ngalesikhathi.  Uthole umalume noma umakhelwane noma ubaba esedlwengula intombazanyana ayizalayo noma yakwamakhelwane.

Intsha yazi ukuthi lesikhathi sisho ukuthi kumele bangene ophuzweni oludakayo nezidakamizwa noma ngabe bebengakwenzi loku phakathi nonyaka ngenxa yokududana nabangani. Kuyothi kuzwakala kube kuthiwa kukhona odlwenguliwe noma abagwazene, kanti indaba isotshwaleni noma izidakamizwa.

Bheka nje isiteshi senu sibe namacala okulimaza esithi i-grievous bodily harm (GBH) angu-173 kulo nyaka esuka ku-170 ngonyaka odlule. Awokuhlukumeza ngokocansi wona abe ngu-57 esuka ku-60.

Konke lokhu kukhomba kona ukuthi kumele siqinise izinhlelo zokunqanda le mikhuba egcina isihlalise kabuhlungu imiphakathi yakithi. Sibona kuwumsebenzi wethu futhi ukuthi sihlanganyele nani sizothi: 'Phansi nokuhlukunyezwa kwezingane nezalukazi, phansi! Phansi nokuthenga izimpahla ezintshontshiwe emaseleni, phansi! Phansi nokuhlukumeza abazali bafunwe imali abangenayo, phansi!'

Ngalawo mazwi-ke sithi abantu bakithi mabaqhubeke babambisane noHulumeni wabo abawuvotela ukuze kushintshwe izimpilo zobo zibe ngcono njengoba kwenzeka lapha eDumbe, okuyinto engazange yenzeke ngesikhathi kusaphethe oHulumeni abadlule ababengenandaba nokuthuthukisa imiphakathi lapho kuhlala khona iningi labantu bakuleli.

Masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu noma kusemigwaqeni noma lapho sihlala khona njengomphakathi nemindeni.

Masinifisele ukujabula nesikhathi esihle ngesikhathi samaholide kaKhisimusi sithi sengathi singaphepha njalo kuze kube unyaka ozayo.

**Ngiyabonga**